# *Ubunye BukaNkulunkulu Oyedwa EBandleni Elilodwa*

[UMfowethu Branham unoMfowethu Neville ukuba amfundele, isahluko 17 sikaJohane oNgcwele—Umhl.]

*UJesu wakhuluma lokho, wayesephakamisela amehlo akhe ezulwini, wathi, Baba, isikhathi sesifikile; khazimulisa iNdodana yakho, ukuze iNdodana yakho ikukhazimulise wena:*

*Njengalokho uyiphile amandla phezu kwenyama yonke, ukuba bonke oyiphe bona ibaphe ukuphila okuphakade.*

*Ukuphila okuphakade yilokhu, ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.*

*Ngikukhazimulisile emhlabeni: ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze.*

*Manje-ke, O Baba, ngikhazimulise kuwe uqobo ngenkazimulo ebenginayo kuwe izwe lingakabikho.*

*Ngilibonakalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni: babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho.*

*Manje sebeyazi ukuthi konke ongiphe khona kuvela kuwe.*

*Ngokuba amazwi ongiphe wona ngibaphile bona, bawemukela, bazi isibili ukuthi ngavela kuwe, bakholwa ukuthi wangithuma wena.*

*Ngiyabakhulekela bona: angikhulekeli izwe, kepha labo ongiphe bona; ngoba bangabakho.*

*Futhi konke okwami kungokwakho, nokwakho kungokwami; ngikhazimulisiwe kubo.*

*Angisekho ezweni mina, basezweni bona, mina ngiza kuwe. Baba oNgcwele, bagcine egameni lakho labo ongiphe bona, ukuze babe munye, njengathi.*

*Lapho ngisenabo ezweni, ngabagcina egameni lakho: labo ongiphe bona ngabalonda: akakho kubo owalahleka, kuphela indodana yokulahlwa; ukuba kugcwaliseke umbhalo.*

*Sengiza kuwe kalokhu, futhi ngikhuluma lokhu ezweni, ukuba babe nokuthokoza kwami kugcwaliseke kubo.*

*Mina ngibanikile izwi lakho; izwe labazonda, ngoba bengesibo abezwe, njengalokhu nami ngingesiye owezwe.*

*Angiceli ukuba ubasuse ezweni, kepha ngicela ukuba ubalonde kokubi.*

*Abasibo abezwe, njengalokhu nami angisiye owezwe.*

*Bangcwelise ngeqiniso: izwi lakho liyiqiniso.*

*Njengalokho wangithuma ezweni, nami ngibathumila ezweni.*

*Ngiyazingcwelisa ngenxa yabo, ukuba bangcweliswe nabo ngeqiniso.*

*Angiceleli laba bodwa, kepha nalabo abakholwa yimi ngezwi labo;*

*Ukuba bonke babe munye; njengalokhu wena, Baba, ukimi, nami ngikuwe, ukuze nabo babe kithina: ukuze izwe likholwe ukuthi wena ungithumile.*

*Nenkazimulo ongiphe yona, ngiyiphile bona; ukuze babe munye, njengalokhu thina simunye:*

*mina ngikubona, nawe kimina, ukuba bapheleliswe ebunyeni; ukuze izwe lazi ukuthi wena ungithumile, wabathanda, njengalokho ungithandile.*

*Baba, ngithanda ukuba labo, ongiphe bona nabo, babe khona nami lapha ngikhona; ukuze babone inkazimulo yami, ongiphe yona: ngokuba wangithanda kungakasekelwa izwe.*

*O Baba olungileyo, izwe kalikwazanga: kepha mina ngikwazile, nalaba bazile ukuthi ungithumile.*

*Ngibazisile igama lakho, ngizokubazisa lona: ukuba uthando ongithande ngalo lube kubo, nami ngibe kubo.*

2 [UMfowethu Neville uthi, "Futhi kwangathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo ekufundweni kwaso sonke isahluko, isahluko se 17 seVangeli likaJohane oNgcwele." Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Neville uthi, "UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham."—Umhl.]

3 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise, Mfowethu Neville.

4 Ngifana nje noMfowethu Neville, ngine. . .angikwazanga nje ukulinda kuze kube uKhisimusi, ukuvula lesosipho. Futhi, niyazi, kanye indoda futhi kabili ingane. Njengoba. . .Kodwa ngempela ngicabanga ukuthi uMfowethu Neville ubukeka emuhle ngempela esudini yakhe entsha.

5 Futhi nginelinye lamajazi amahle kunawo wonke engake ngawabona empilweni yami, kulelibandla ezansi lapha, futhi ngiyalijabulela impela. Ngiyanibonga ngokungahlulela kwenu

okukhudlwana kancane kunalokho engiyikho ngempela, kodwa ngikholwa ukuthi bazongitholela elilodwa nje elincanyana, kusasa. Ibhantshi elincane nje elikhundlwanyana kuyo yonke indoda eliyilo ukuyembesa. Ngakho-ke nizwile, eBhayibhelini, lapho ingubo yokulala yayimfishane kakhulu endodeni, noma umbhede; ngakho-ke cishe kucishe kube ngaleyondlela nje na—nalokhu lapha kimi, ngoba i—ibhantshi belilikhulu kancane. Kodwa impela lihle, futhi ngethemba ukuthi banelilodwa lapho cishe elincane ngenombolo eyodwa, elizongilingana kahle ngempela. Futhi ngizoligugisa, futhi, ukuze ngilibonise njengoba enza lapho.

6 Ngisibonile isikhathi lapho engishumayele khona ngigqoke ijazi, kulungile, ngiyajabula ukuligqoka. Awu, angizange ngibe nejazi elihle impilo yami yonke. Ngokokuqala ngqa ukuthi ngike ngibe nejazi elihle.

7 Ngiyazibuza nje uma leli bandla lingakhumbula ukuhamba kwami kokuqala ngisuka kuleli bandla. Niyakhumbula ukuthi kwakuyini ngalobobusuku ngenkathi ngiya eSt. Louis, ngisuka kulelibandla, ukuyovakashela indodakazi kaRobert Daugherty na? Manje, uDadewethu noMfowethu Spencer, ngiyacabanga, bayakhumbula. UMfowethu Roy Slaughter lapha, abaningi babo aba . . . ngangingenalo ngisho nebhantshi nhlobo. Futhi ibandla lenza amadola ayishumi nanye ngethikithi lami. Futhi ngaboleka ijazi likamfowethu. Futhi lalicishe libe kabili kakhulu kimi, futhi ngangiliphethe ngoba lalibukeka kabi ukuthi ngiligqoke. Ngase-ke ngibukeka kabi ngokungabi nalo nhlobo, ngakho-ke nga—ngaliphatha. Futhi lapho ngifika ngalapho, ngangilapho izinsuku ezithi azibe zimbili, futhi iNkosi yaqala ukunyakaza, futhi yaphulukisa uBetty omncane.

8 Niyazi, ngimbonile esikhathini esingeside esedlule, ungoyintombi enhle manje. Wayenomdanso kaSaint Vitus, futhi wayelele nje njengesilwane, edlikizela emuva naphambili, izinsuku nezinsuku. Nodokotela ababedlula bonke base bemlahlile. Ngahlala ngalolo suku nalokho kuhlwa. INkosi yakhombisa umbono nje wokuthi yini okufanele yenziwe, futhi yathi, "UBetty omncane uzokhululwa ngokushesha nje lapho sebekwenzile lokho."

9 Ngatshela umfundisi noyise ukuthi basukume. Ngathi enenekazini, "Ubusedolobheni ngolunye usuku, uthenga amapani amancane, futhi wathenga okuyipani legwadle eliluhlaza okwesibhakabhaka. Lihlezi emakhabetheni akho, phansi ngaphansi. Awukaze ulinyakazise selokhu walifaka lapho."

10 Waqala, wathi, "Kunjalo."

11 Ngathi, "Hamba ulithathe futhi uligcwalise ngamanzi, futhi ulethe ithawula elincane elimhlophe, futhi uze lapha. Ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, uBetty omncane uzophiliswa." Futhi . . .

12 [UMfowethu Roy Slaughter, ebandleni, uthi, “Mfowethu Branham, ngithanda ukusho igama elilodwa nje, uma kulungile?”] Yebo, qhubeka. [“Uyazi ngenkathi uphandle lapho, uyakhumbula ukuthi—ukuthi ngakubiza. Intombazane yethu yayigula. Futhi wabiza umkakho, futhi wamtshela. Awu, ekuqaleni, ngakushayela ucingo, futhi ngashiya umyalezo, ‘Kakade, odokotela abahlanu bathe lalingekho ithemba ngeziphathimandla zezokwelapha.”] Yebo. [“Futhi ngenkathi ungena, wathi, ‘Kunocingo oluvela kuMfowethu Slaughter, ungaluthatha…?’ Futhi wathi, ‘Lowo ngomunye wabangane abakhulu enginabo,’ noma into efana nalokho.”] Yebo, mnumzane. [“Futhi wahamba wayokhuleka. Wahamba wase ubiza umkakho, futhi wathi akasishayele ucingo futhi abatshele, ‘Intombazane izoba kahle.’ Futhi wayengazi ukuthi kwakugula, niyabo.”] Yebo. [“Futhi—futhi ngakho-ke, wahamba ngakusasa, futhi wayesesibhedlela. Odokotela bayangena. Bathi, ‘Kukhona okuthathile—kukhona okuthathile… kwenzekile.’ Wathi, ‘Yebo.’ Futhi baqala ukuwela, mhlawumbe, ngalokho ababekwenzile kukho. Wathi, ‘Qhabo.’ Wathi, ‘Kwakuyimikhuleko kaMfowethu Branham.’”] Yebo, ngiyakukhumbula lokho. [“Yayinomkhuhlane, ukuthi babengazi ukuthi kwakuyini inkinga, kwakukhona odokotela abahlanu, ngakho-ke ku…ngalesisikhathi. Kodwa ekufikeni kwami, ngaphuma esigangeni, ukuze ngikubize; futhi unkosikazi ubethumela ingane kimi, ukuba ngikushayele ucingo. Wayephumele lapho, ‘Ukuzoshayela uMfowethu Branham ucingo.’”] Yebo. [“Ngakho, kwaba ukuqondana kwezinto nje, sahlangana esigangeni. Khona-ke lapho ngikushayela ucingo, khona-ke waba nomkhuleko. Futhi wabuye washaya ucingo, futhi wathi, ‘Tshela, leyontombazane ikahle.’ Futhi ikahle.”] Yebo.

13 S’thandwa, ngiqagele uyakukhumbula lokho, angithi, ngenkathi siseSt. Louis, e—emhlanganweni, ukuthi intombazanyana kaMfowethu Slaughter yagula ngempela. Futhi sasiseBelcher Bath Hotel endala. Ngiyakukhumbula lokho kahle kakhulu! Futhi sawuthatha umlayezo, futhi saya phambi kweNkosi, futhi Yakhombisa umbono, yasho. Ngase ngishayela uMfowethu Slaughter ucingo kanye nabo, ngabashayela ucingo ngase ngithi, “Batshele, ‘ISHO KANJE INKOSI. Ungakhathazeki, izophila.’” Futhi yaphila. INkosi yayilungile kakhulu!

14 Ziningi izinto ezenzekayo kusukela lapho, kodwa useyiNkosi uJesu efanayo, aKanjalo na? Kuyamangalisa kakhulu! Akukho engikucabangayo kangcono kunokwazi lokho. Ukuthi, uma bengizodla ifa lawo wonke upeni wemali izwe elinawo, futhi ngizophila iminyaka eyinkulungwane lapha emhlabeni, kungcono ngazi ukuthi nginani manje, ukuPhila okuPhakade. Ukuphila okuphakade kuzophela ngemva kwesikhashana.

UkuPhila okuPhakade akunasiphelo, ngoba Kwakungenasiqalo, futhi ngakho-ke siyabonga ngalokho.

15 UMfowethu Neville usanda kungifundela imiBhalo, angifundele yona, eNcwadini kaJohane oNgcwele. Futhi kubekhona umBhalo owodwa lapho, ivesi 21, ngithanda ukuninakisa kuWo, umzuzwana nje. UJesu, emkhulekweni waKhe, wakhuleka lokhu.

> *Ukuze bonke babe munye; njengalokhu wena, Baba,* ba*kimi, nami ngikuwe, ukuze nabo babe munye kithi, ukuze izwe likholwe ukuthi wena ungithumile*.

16 Futhi uma ngingakubiza ngendikimba, ngithanda ukusho lokhu: *Ubunye BukaNkulunkulu Oyedwa EBandleni Elilodwa*.

17 Uyazi, uNkulunkulu wenze umuntu ukuba a—azuze. Yilokho umuntu ayedalelwe khona. Futhi kukho konke ezansi kwedlule ekuphileni kwakhe, uzamile ukuzuza okuthize. Futhi izimpumelelo zakhe, isizathu sokuzama lokho, yingoba wayedalelwe ukwenza kanjalo. UNkulunkulu wamenza ngaleyondlela. Kodwa inkinga yakho ukuthi, empumelelweni yakhe, uzama ukwenza okuthile ngaphakathi kuye. Kulapho enza khona iphutha lakhe abesengena enkingeni.

18 Manje, ekuqaleni, uGenesisi, okuyisahluko sembewu yeBhayibheli, siyathola phakathi lapho ukuthi ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu, Wamenza ngendlela Ayazi ukuthi wayezoba yiyo. Futhi akasoze abe yinoma yimuphi umklamo omkhulu kunalokhu ayikho. Lapho Eqala ukwenza ukuphila, Wakwenza ngempilo ephansi kunazo zonke, okungukuthi, ngokufanayo, unoshobishobi, ixoxo; futhi kuqhubekele empilweni ephakeme kakhulu, ngumuntu, osemfanekisweni kaNkulunkulu.

19 Futhi-ke, kule mpilo, umuntu uqala ukuzuza izinto. Kodwa, lapho ekwenza, uqala ukushiya uNkulunkulu ngaphandle kwesithombe. Uqala ukuba nezinjongo zobugovu. Futhi—futhi ngenkathi ekwenza lokho, waqala ukuzicabangela okuthile. Futhi sithola ukuthi akuphelanga sikhathi esingakanani waze wonakalisa wona kanye umhlaba uNkulunkulu ayembeke kuwo. Wayekuthole esimweni esinjalo kwaze kwathi ngisho noMdali waKhe wadabuka, Yena enhliziyweni yaKhe, ukuthi Wake wamenza umuntu. Ungacabanga ukuthi uNkulunkulu wazizwa kanjani lapho Ebona sona kanye isidalwa Ayesenze ngomfanekiso waKhe, futhi esinika amandla okubusa, nokuthi Wasenza kanjani ukuba siMenzele okuthile, nokho wawaguqula onke amandla akhe namandla akhe ezifisweni zobugovu nokuzuza.

20 Futhi-ke siyathola, akukabi yisikhathi eside kakhulu emva kwalesisifundo esikhulu uNkulunkulu asifundisa umuntu ngaleso sikhathi, ngokubhubhisa umhlaba wonke ngamanzi; njengoba iBhayibheli lisitshela ukuthi Wakhukhula umhlaba,

futhi wabhubhisa yonke into ngaphandle kwensali Ayishiya, okwakunguNowa nomndeni wakhe. Futhi ngokushesha nje ngemva kokuphuma kuleso sifundo esikhulu . . .

21 Kubonakala sengathi lowomuntu akakwazi ukufunda, kuphela ngendlela enzima. Sithola ukuthi ngisho nasebantwaneni bethu; sifanele sibajezise, izikhathi eziningi, kanzima, ukuze sibenze baqonde. Kubonakala sengathi umuntu nje, ngokwakhe, isehluleki ngokuphelele, kwasekuqaleni. Ngesikhathi elahlekelwa ubudlelwano bakhe noNkulunkulu, waba yimbumba ngokwakhe, akabange esethembela kuNkulunkulu. Futhi lapho uNkulunkulu esemfundise isifundo sokuthi kwakuyini ukuzama ukwenza okuthile ngaphakathi kuye, ukuthi imisebenzi yakhe yonke izoba ize, masinyane siphinde sibathole futhi behla ukuze bazuze futhi. Futhi iBhayibheli lathi, “Bazakhela umbhoshongo, futhi babezokwenyukela emazulwini,” ukuze bakhuphukele eZulwini ngaphandle kokuza ngendlela uNkulunkulu ayebahlelele ngayo ukuba beze.

22 Futhi umuntu angazuza kangcono uma behlangene ndawonye. Manje uthatha umuntu oyedwa, yedwa, amandla akhe alinganiselwe kumuntu oyedwa. Amadoda amabili amenza amandla aphindwe kabili akhe. Amadoda amane amenza aphindwe kane amandla akhe. Futhi uNkulunkulu ufuna sibe munye. UNkulunkulu wenza umuntu ukuthi sibe munye, nezinhloso zethu zibe zinye, nezinjongo zethu zibe yinto eyodwa, nezimpumelelo zethu—zethu zibe yinto eyodwa. Uqanjwe kanjalo nje.

23 Futhi siyathola, ukuthi masinyane emva kokubhujiswa kwangaphambi kukazamcolo, lowomuntu waqala ukuzama ukubusa futhi, yena uqobo.

24 Futhi ngaso sonke isikhathi lezizinto ziqhubeka, uMoya kaNkulunkulu ophilayo ulwa nenyama, uzama ukususa umuntu empumelelweni yakhe uqobo, uzama ukususa umuntu ezimpokophelweni nasezinjongweni zakhe uqobo, emyisa ohlelweni uNkulunkulu alubeke phansi. Futhi inqobo nje uma umuntu esebenza ngohlelo lwakhe, uyoba isehluleki. Futhi umuntu angazuza okulungile kuphela uma ebuya nenjongo efanele nenhloso efanele, futhi, okungukuthi, ngokohlelo lukaNkulunkulu ngaye. Noma yisiphi esinye isisekelo siphezu kwezihlabathi ezibishayo.

25 Futhi siyathola, manje-ke, ukuthi bazamile ukuhlangana, futhi baqala . . . beza umuntu oyedwa. Kodwa kulokhu kuhlangana abakwenza ngaleso sikhathi, kwakungaphansi kwamandla ezombusazwe. Umuntu waba munye, inhloso yabo yaba yinye, impumelelo yabo yaba yinye, kodwa kwakuwuhlobo olungalungile loku*kodwa*, ngoba lwaluphambene nohlelo lukaNkulunkulu. Kodwa waqhubeka.

26 Futhi ekugcineni uma uthola ubunye phakathi kwabantu abanjalo, benza izinto ezinkulu. Buka nje emhlabeni wonke namhlanje, lapho abantu bezihlanganisa ndawonye, nokho ngaphansi kwesu elingalungile, bazokwenza izinto ezinkulu.

27 Manje, bakha umbhoshongo engingabazayo ukuthi isayensi yesimanje ingawakha namuhla, nayo yonke imishini yabo nezinto, ngoba babehlangene ndawonye. Babenomqondo owodwa, umphefumulo owodwa, inhloso eyodwa, inhloso eyodwa, injongo eyodwa okungukuthi, "Ukwakha umbhoshongo ophakeme kangangokuthi uma uNkulunkulu eke athathe umqondo wokubabhubhisa, futhi, babeyobagibeza ezulwini naYe. Futhi yayingeke ibe-khona indlela ababengamvimba ngaYo ukuba akwenze, noma Wayengabavimba ukuba bakwenze," njengoba babecabanga. Futhi siyathola, khona-ke, ukuthi bazihlela ndawonye, futhi siyabathola futhi bengaphandle ngokuphelele entandweni kaNkulunkulu.

28 Futhi uma leso kungesona isithombe esihle salolusuku, ukuthi lapho amadoda ezama ukuhlangana ndawonye! Futhi sifanele sihlangane, kodwa bahlangana ngaphansi kwezinhlelo ezingalungile. Uke waqaphela yini ukuthi udeveli uzihlukanisa kanjani nezinto zikaNkulunkulu na? Wake wakubona ukuthi uzithatha kanjani izinto uNkulunkulu azihlosile na?

29 Futhi okukhohlisa kakhulu yinto engalungile! Manje, amanga, uma kuphuma ngqo emangeni angempela, khona-ke noma ubani angawabona. Kodwa lawomanga aneqiniso cishe elingamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye kuwo, yilawo adukisayo.

30 Unakile yini ukuthi udeveli wamkhohlisa kanjani u-Eva? Konke amtshela khona kwakuyiqiniso impela, kodwa into eyodwa. Wathi, "Amehlo akho ayovuleka, futhi niyokwazi okulungile nokungalungile, no—nokunye nokunye. Niyakuba njengonkulunkulu, ngoba anikwazi manje okuhle nokubi." Futhi zonke lezo zinto zaziyiqiniso.

Kodwa lapho ethi, "INkosi uNkulunkulu yathi 'sizokufa.'"

31 Wathi, "Nempela aniyikufa." Niyabo, iQiniso elininingi kakhulu nje kukho, bese kuthi-ke amanga amancane nje.

32 NoJesu wathi, emhlabeni, "Imvubelo encane ibilisa inhlama yonke." Futhi kufanele kulunge ngokuphelele, noma akulungile nhlobo. Futhi icebo lensindiso lifanele libe ncamashi, nezithembiso zikaNkulunkulu zincamashi, futhi zisebenza ncamashi, noma lapho—kukhona okungalungile ndawondawo. Futhi uma iBandla likaNkulunkulu ophilayo lingakufezi lokho uNkulunkulu ayehlose ukuba likwenze, kukhona okungalungile ngaleyonqubo, ndawana thize. Kumele kube njalo!

33 Uthatha ucezu oluhle lomshini, njengewashi, futhi uvumele yonke ingxenye yalowo mshini isebenze ngokuvumelana, futhi izogcina isikhathi esifanele. Kodwa uma ucezu olulodwa

lufika ngendlela eyodwa, nelinye, ngeke lugcine isikhathi. Kungakhathaleki ukuthi amagugu mahle kangakanani, afanele ahlanganiswe ndawonye.

Futhi leyo yinhloso kaNkulunkulu, ukuba sihlangane ndawonye futhi sibe munye.

34 Kodwa siyathola lapho, ukuthi, ukuthi udeveli uzihlela kanjani izinto. Konke ukungalungi kungukulunga okuhlanekezelwe kuphela. Amanga iqiniso kuphela eliguquliwe. Izinto ezinhle uNkulunkulu azenzayo; izinto ezingalungile yizinto ezinhle ezihlanekezelwe. Ngakho ngakho-ke lokho, ukungalungi kungukulunga kuphendukezelwe. USathane akakwazi ukudala lutho, yena uqobo. Ufanele kuphela athathe lokho uNkulunkulu akudalile, akuphendukezele. Indoda ehlala nomkayo, iqinisile impela; kodwa uthatha omunye wesifazane, leso yisenzo esifanayo, siphendukezelwe, futhi ngukufa. Omunye uletha ukuphila, omunye uletha ukufa. Yileyondlela, ukuthi, zonke—zonke izinto uSathane anazo ekufinyeleleni kwakhe, ukuthatha nje lokho uNkulunkulu akwenzile, akuguqule.

35 Wake wacabanga ngenkolo kaMohamede na? Ethuneni lika-Mohamede, sekunehhashi elimhlophe eliboshelwe izihlalo iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Njalo ngemva kwamahora amane, unogada uyashintsha futhi kukhishwa elinye ihhashi elimhlophe. Futhi bakwenza lokho ngenhlonipho, nangokukholwa njalo ukuthi uMohamede uyovuka ngolunye usuku futhi agibele umhlaba ehle. Bayakukholwa. Wake wacabanga ukuthi kungani ihhashi elimhlophe na? Benazi yini ukuthi umBhalo uyasho, ukuthi, "UJesu uyofika, egibele ihhashi elimhlophe, nesambatho saKhe sicwiliswe egazini, neGama laKhe libizwa ngokuthi iZwi likaNkulunkulu na"? YiNkosi uJesu, ezofika, egibele emazulwini, namabutho emva kwaYo, egibele ihhashi elimhlophe. Uyayibona leyo nkolo ehlanekezelwe, yaphenduka yayenza uMohamede egibele—ehhashini elimhlophe na? Kodwa, uJesu uyeza emazulwini; futhi uMohamede ungowasemhlabeni. Ngakho-ke, uSathane usebenza nento yasemhlabeni, kuyilapho uNkulunkulu esebenza namazulu.

36 Senake nacabanga ngombhoshongo waseBabele futhi uwuqhathanise nelata likaJakobe na? Ukuthi babezama kanjani ukwakha izitebhisi ezizungeze umbhoshongo owawuzofinyelela phezulu eZulwini, kuphela bezama ukuphendukezela ilada likaJakobe elalifinyelela lisuka emazulwini liye emhlabeni, neziNgelosi zehla futhi zenyuka. Ukukuhlanekezela!

37 Wake wacabanga yini nge-U.N. manje izama ukwenza zonke izizwe, ubuzalwane obukhulukazi obubodwa, ngaphansi kwamandla ahlangene na? Okuhlangene, kulungile, kodwa kungaphansi kwento engalungile. USathane ulawula zonke izizwe. UmBhalo uthi uSathane ungumbusi womhlaba.

Ngenkathi ethathe uJesu wamkhuphulela phezulu, entabeni endekazi, futhi waMkhombisa yonke imibuso yomhlaba, futhi wathi, "lena ngeyami." UJesu akashongo ukuthi yayingesiyo. Ngokuba, ingeyakhe. Yingakho sinezimpi nokubulalana, yingenxa yokuthi lemibuso yomhlaba ilawulwa ngudeveli. Futhi inqobo nje uma ilawulwa udeveli, sizoqhubeka nokuba nezimpi nokulwa, futhi sibulalane sodwa.

38 Kodwa sibheke uMbuso ozayo, lapho uKristu eyofika, futhi ngeke kusaba khona izimpi. Futhi kuyoba khona ukuthula okungunaphakade.

39 Nikucabangile ukuthi, kuleRashiya, banePentecost yamanga na? Ba. . . Lowo ngumsebenzi kadeveli. Bazama ukuphoqelela bonke abantu kubukhomanisi, lapho wonke umuntu, enakho konke ngokulingana. Ngabe benazi ukuthi leso kwakuyisimo seBandla ngaphansi kukaMoya oNgcwele, ngoSuku lwePhentekoste na? ukuthi abantu bathengisa ngempahla yabo futhi bayibeka ngasezinyaweni zabafundi, futhi babela bonke abantu njengoba babedinga. Futhi manje udeveli usefikile, futhi wangena emhlabeni futhi wenza amandla ezombusazwe, ukuphoqa umuntu kulokho.

40 UNkulunkulu akaphoqi umuntu ukuba enze noma yini. Ukwenza ngokuzithandela kwakho. Angakwexwayisa, ajikijele umgoqo endleleni yakho yezinyawo. Kodwa uzihambela ngokwakho uqobo, nesinqumo sakho siqu, eBukhoneni baKhe, ukuMenza uMsindisi wakho. Kodwa uSathane uphendukezele amacebo kaNkulunkulu, ecebweni elingelakhe.

41 Wake wacabanga ngobuKatolika, futhi ibandla eliKatholika lizama ukwenza wonke umuntu abe umKatolika? Ngeke kusebenze. Lingaphansi kohlelo olwenziwe umuntu.

42 Nake nacabanga ukuthi ibandla lamaProtestani ngaphansi komfelandawonye wamabandla, lizama ukuphoqa wonke lamabandla amancane na? Futhi kuzokwenzeka, ukuthi ngeke ukwazi ukuya esontweni ngaphandle uma usonta enhlanganweni yamabandla, khona-ke izindawo ezincane ezinjengalezi zizokukhokhela ngempela. Kodwa sinawo umBhalo othi, "Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso." Yilokho esikubheke ngabomvu.

43 Khona-ke, uyabo, konke kuyimpumelelo yesitha esizama ukuyenza, ukuyizuza, kodwa ngaphansi kwecebo elingalungile. Kungaphansi kwecebo lakhe uqobo, kodwa akanalo eloqobo. Uzofanele athathe into uNkulunkulu ayenzile, bese-ke eyiphendukezela ekungalungini, ukuba ayenze.

44 Namuhla bazama ukuphendukezela izwe, noma ukuliguqula libe yinyunyana eyodwa enkulu ye—yezizwe, ubuzalwane. Futhi uma bekungaba ngaphansi kokuzifihla okwenziwe ngumuntu, bekuyoba nomholi, futhi bekungaba ngudeveli ngoba ungumholi wabo bonke.

45 UMbuso kaNkulunkulu awusiwo owalomhlaba. UMbuso kaNkulunkulu usezinhliziyweni zethu. NguMbuso wokomoya, esizalelwa kuWo. UJesu wathi, "Umbuso kaNkulunkulu awufiki, ngaphandle kobudlova. Nombuso kaNkulunkulu uphakathi kwenu." UMoya oNgcwele, uMbuso kaNkulunkulu, uhamba kumuntu, futhi ubusa futhi umlawula, lowo nguMbuso.

46 Futhi sithola ukuthi lezizizwe ziyahamba, zikhohlisana, zikhuluma ukuthula; ngommese ngemuva kwazo, sezilungele nje ukubhubhisana.

47 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngibe nenhlanhla yokukhuluma nomfundisi wasesontweni oyindoda enkulu. Futhi, eCalifornia, babenososayense, abanye abangcono kunabo bonke esinabo ezizweni, babehlangane lapho okombuthano, noku—ukuba nomhlangano oyimfihlo, ovalekile. Futhi ngokuba kwakubi kakhulu, babiza umfundisi wasesontweni ukuba angene nabo. Nalomngane wami ongumfundisi wasesontweni, wathi, "Mfowethu Branham, ngaphambi kokuba ngingeniswe, baphenya irekhodi lami, kukhokho wami, ngaphambi kokuba ngingene kulomhlangano." Futhi wathi, "Ngifisa sengathi ngabe angizange ngibe lapho." Wathi, "Lapho labososayense besukuma futhi beqala ukukhuluma," wathi, "kubonakala sengathi kwakukhona isigayegaye esihlezi phezu kwegumbi, okukwenze wazizwa sengathi usendlini yeqhwa, amakhaza, ukuthi lalizonqanda kanjani igazi lomuntu!" Wathi, "Bona, asivunyelwe ukukhuluma ngalezizinto. Sifungiswe ngaphansi kwesifungo."

48 Kodwa wathi, "Ngivunyelwe ukukutshela *lokhu*." Wathi, "Balungiselela ukuqeda amabutho kanye nezindiza, amabutho abashayeli bezindiza, kanjalonjalo." Wathi, "Abasabadingi." Wathi, "Banezikhali ezibulalayo kakhulu kangangokuthi bangabhubhisa wonke umhlaba ngesikhathi somzuzwana owodwa." Futhi wathi, "Uma bebengakwazisa lokho, ukuthi, abantu bebengahamba bethukile, futhi bangene emigwaqweni, beklabalasa kakhulu." Wathi, "Banebhomu elizowela emhlabeni, ibhomu elilodwa nje lingaqhumisa amamayela ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu nxazonke, futhi ngaphezu kwamafidi ayikhulu ukushona."

49 Ungaya kocasha kuphi na? Kuthiwani uma umbe amafidi ayinkulungwane na? Ubungekwazi; ungangena ekuqhumeni kwentabamlilo yomhlaba. Kodwa uma ubungamba amafidi ayinkulungwane ngaphansi komhlaba, ukungqubuzana okunjengalokho kukushaya phezu kwakho, bekungakuphahlaza ube yimpuqumpuqu.

50 Wathi, "Losayense oyedwa omkhulu wasukuma, futhi wayengusososayensi ophambili webutho. Wathi, 'Banumzane abahloniphekile, ngifisa sengathi ngingathatha inkomo endala nenqola, futhi ngishayele ngaleya emva kwezintaba, futhi

ngikhohlwe yikho konke, futhi ngichithe isikhathi sami esincane emhlabeni, futhi ngihambe.' Wathi, 'Kodwa kufanele sibhekane nakho. Ukushayela ngemuva kwentaba ngeke kusize ngalutho.' Wathi, 'Lezozintaba azizukuba yilutho ngaphandle kwempuqumpuqu, noma imilotha yentabamlilo.'"

51 O, mfowethu, kuyasiza ukwazi ukuthi ukutholephi ukuphunyuka, ngalezo isikhathi! Sithole indlela yokuphunyuka. Sithole indawo yokukhosela. Leyondawo yokukhosela ingaphansi kwamaphiko esivikelo seNkosi esiphakade; ukwazi lokhu, ukuthi unomphefumulo ongafiyo ongenakufa, ongenziwanga ngama-athomu, noma nge-hydrogen, noma ngomoya-mpilo, noma nganoma yini ekulomhlaba; wenziwe nguMoya, uNkulunkulu uSomandla awudala, Yena uqobo, futhi ukunika wona.

52 Yeka usuku esiphila kulo, yeka isikhathi, lapho umuntu ezuzile futhi wazuza waze wazizuzela ngokwakhe lezi zinto. Manje siyakwenzenjani ngabo na?

53 Uyabo, uSathane usebenzisa ikhanda lomuntu. Wakukhetha lokho ensimini yase-Edene, ukuthatha ikhanda lomuntu, ukucabanga kwakhe. Futhi usekwehlisele ngisho nasebandleni. Niyabo, udeveli uthatha ikhanda lomuntu, ukuze akwazi ukusebenzisa iso lakhe. Futhi uma uqaphela, uma umuntu engazalwanga ngokusha ngokoqobo, ngokomoya, uzothatha lokho angakubona ngamehlo akhe, ukuzigqaja kwempilo. Futhi uzohamba, amadoda amaningi, ethi nje uzo—zozuza okuthize, ufuna ukujoyina ibandla. Ufuna ukuba ngokholwayo. Futhi uyoqalaza aze athole ibandla elikhulu kunawo wonke angalithola, ngoba umuntu ufuna ukwenza into ethize enkulu. Ufuna ukuzakhela igama elikhulu. Yileyo eyenyama, indoda ecabanga ngobuwula, "O, uma ngingaba nenhlangano yami! Uma nje ngingangeza izinkulungwane ezingaka ehlelweni lami, lizoba likhulu kunawo ezweni, lohlobo lwalo!" Kusiza ngani lokho na? Kodwa ucabanga ukuthi uzuza okuthile ngoba wengeza okunye.

54 Ngikholwa ukuthi kwakuyiminyaka ethile edlule, ngo 1944, lapho amaBaptisti aba nesiqubulo esithi, "Isigidi ngaphezulu ngo '44." Futhi yini ababenayo lapho bethola isigidi ngaphezulu na? Njengokujoyina idlangala, uma kwakungebona aboqobo, abafundi bakaKristu abazelwe ngokusha. BabengamaBaptisti nje ngegama.

55 Bukani amanye amahlelo, iLuthela, iPresbyterian, amaPentecostal, nawo wonke amanye amahlelo, ayafana. Bazama ukuzuza okuthize. Bafuna ukwenza into ethize enkulu, niyabo, ngoba yiso lakhe alibhekile. Ucabanga ngeso lakhe. Futhi izikhathi eziningi akaqondi ukuthi leyo yinto abengafanele ayenze. Kodwa, udeveli uthatha iso lomuntu, umkhombisa into ethize enhle. Uvula amehlo akhe

ukuba ayibuke. Futhi ufake lokho ebandleni, ekucabangeni kobuhlakani bomuntu.

56 Esikhathini esithile esedlule, lomvangeli omkhulu, uBilly Graham, wema lapha eLouisville, futhi waphakamisa iBhayibheli lakhe. Wathi, "*Lesi* yisilinganiso sikaNkulunkulu." Futhi uqinisile. Uqinisile impela. UMordecai Ham, umvangeli, (ikhaya lami elidala eKentucky), nami, sasihlezi etafuleni elilodwa; okungukuthi, uBilly waguqulwa ngaphansi kukaMordecai Ham. Futhi sasihlezi lapho. Futhi wathi, "Kwenzekani na?" Wathi, "UPawulu waya edolobheni futhi wathola oyedwa ophendukile, wabuya ngemva konyaka futhi wayesenamashumi amathathu kulowo." Wathi, "Ngingena edolobheni futhi ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amabili, ngibuye ngonyaka futhi angikwazi ukuthola amashumi amabili. Kukhona okungalungile." Futhi wathi, "Uyazi ukuthi kuyini na? Yinina bashumayeli abangamavila enihlala ezakhiweni, emahhovisi enu, nezinyawo zenu phezu kwedeski, futhi ningahambi nivakashele abantu."

57 Ngacabanga, "Billy, lowo isihlakani esihle kakhulu . . . " ngicela ungangicaphuni, "kodwa akunjalo." Obani abelusi abaya kulowo uPawulu amphendula na?

58 Kwakungesikho lokho. Kulapha. Leyo okuthiwa yimihlangano namhlanje, futhi iyimihlangano emikhulu, kodwa isebenza kuphela engxenyeni yobuhlakani bomuntu. Indoda iba ngaphansi kwesilingo semvuselelo, futhi ithi, "Yebo, ngiyamamukela uKristu," futhi ikwenza ngokuhlakanipha ngoba isesixukwini esikhulu. Ikwenza ngoba kukhona abefundisi abakhulu phambi kwayo, kodwa kungumqondo wobuhlakani kuphela. Leyondoda ayisoze yaqhubeka. Izofanele iphume engqondweni yayo, iye enhliziyweni yayo, futhi izalwe ngokusha, kungenjalo ayisoze yakwazi ukumelana nokuvivinywa.

59 Imicabango yobuhlakani ilungile, kodwa uma . . . Khumbula, uma iso likubheka, udeveli usebenzisa iso lakho. Ensimini yase-Edene, kwafakazela ukuthi udeveli wakhetha ikhanda lomuntu, ukuba asebenze kulo, kodwa uNkulunkulu ukhetha inhliziyo yakhe. Udeveli uyamkhombisa, ngamehlo akhe, into ethize ayibonayo, bese ethi, "Ukubona kungukukholwa."

60 Kodwa uma uNkulunkulu efika kumuntu, Ufika enhliziyweni yakhe. Futhi umenza akholwe yizinto ngenhliziyo yakhe, ngokukholwa, ukuthi amehlo akhe angaziboni. Ngokuba umBhalo uthi, "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo."

61 UNkulunkulu esebenza *lapha*; uSathane esebenza *lapha*. Ngakho-ke zisiza ngani lezi zikole ezinkulu namakolishi empeleni na? Kungezinye izikhathi, hhayi njalo, kodwa izikhathi eziningi kakhulu, isuka *lapha*, ikhuphukele *lapha*;

lapho bekufanele kususwe *lapha*, kwehle kuze kufike *lapha* enhliziyweni yomuntu.

62 Niyazi, umBhalo uthi, "Njengoba umuntu ecabanga enhliziyweni yakhe, unjalo."

63 Omdala umphikinkolo nomgxeki wayevame ukuthi, "Yeka ukuthi uNkulunkulu wayeyisiwula kangakanani, ukusho ukuthi kwakukhona imikhakha yengqondo enhliziyweni yomuntu, ngokuba akukho lutho phakathi lapho ongacabanga ngakho."

64 Kodwa cishe eminyakeni emine edlule, isayensi yathola ukuthi enhliziyweni yomuntu kukhona umkhakha wokucabanga. Kukhona igumbi elincane, indawo encane lapho kungekho ngisho ingqamuzana; ingxenye encane enhliziyweni yomuntu. Alikho esilwaneni noma akukho okunye ukuphila. Kodwa enhliziyweni yomuntu kunendawo encane, futhi abakaze bafinyelele esiphethweni sokuthi kwakuyini, kodwa ekugcineni basho lokhu, "Yindawo lapho umphefumulo uhlala khona."

65 Ngakho-ke uNkulunkulu ukhuluma amaZwi aKhe kahle, "Njengoba umuntu ecabanga enhliziyweni yakhe, unjalo." Hhayi ekhanda lakhe! Uma uNkulunkulu ubeyobe eqonde *ikhanda*, ngabe Wathi, "ikhanda." Wathi, "inhliziyo yakhe."

66 Ukuba-ke, uMose, ngenkathi ekhuphuka, noMose... UNkulunkulu wathi, "Khumula izicathulo zakho, Mose, usemhlabathini ongcwele." Ukuba-ke uMose wathi, "Manje awume kancane, Nkosi, ngiyazi Ubuqonde *isigqoko* sami. Ngizovele ngikhumule isigqoko sami, lokho kuwukuhlonipha kakhulu"? Akazange athi *isigqoko*, Wathi "izicathulo"! Yilokho Ayekuqondile.

67 Akazange aqonde ukuxhawulana nokujoyina ibandla. Wathi, "Nifanele nizalwe ngokusha, nalokho kuvela Phezulu." Hhayi ukuthi faka igama lakho encwadini; kodwa zalwa kabusha, futhi umphefumulo wakho uguquliwe, bonke ubuwena benziwe busha futhi.

68 Manje, lapho umuntu e—engakaze abe naleso sehlakalo, useyindodana kaNkulunkulu, endalweni, indodana kaNkulunkulu ewile. Yingalesosizathu engathatha izinkuni bese enza izakhiwo, angathatha insimbi bese enza imishini, angathatha amagugu bese enza amawashi. Yini angayenza na? Angathatha into ethize ephuma endalweni yasekuqaleni, futhi ayiphendukezele ekumeni kwayo kwasekuqaleni, ukwenza into ethize enkulu, kodwa angeke adale. UNkulunkulu kuphela ongadala, Yena yedwa.

69 Futhi siyaqaphela kulokhu, khona-ke, ukuthi, uSathane ekhetha ikhanda lendoda, wathatha ingxenye yakhe yobuhlakani. Futhi manje ibandla seliqalile ukuhamba ezingxenyeni zobuhlakani bomuntu. "O, yibandla elikhulu. Sinehlelo elikhulu. Singabadala kunabo bonke ezweni." Kodwa, mfowethu, kuze kube leyondoda noma owesifazane, noma

umfana noma intombazane, isiphendukile ngempela, uyothatha leyomicabango yobuhlakani, futhi athi, "IBhayibheli alisho *Lokhu*, futhi Alisho *Lokho*. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi ayikho into enjengalezi ezinye izinto. Lapho, *Lokho*, Lokho akulungile," wena uthi, "nezinsuku selwedlule." Ngoba uKubheke ngobuhlakani.

70 Kodwa makuthi leyondoda efanayo ithathe lolu lwazi oluncane enalo ekhanda layo, futhi ilunike uNkulunkulu, futhi ivumele uMoya kaNkulunkulu ophilayo wehlele kuleyonhliziyo yakhe, iyobiza lonke iZwi likaNkulunkulu, "iQiniso," nazo zonke izithembiso, "ubuNkulunkulu." Khona-ke ingazuzela uNkulunkulu.

71 Uyabo, leyongxenye encane, igunjana enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu wazenzela Yena lelo phakathi lapho. Lelo igumbi laKhe lokulawula. Uhlezi lapho ukuze akulawule. Leyo yindawo yaKhe. Kulapho Athumela khona imilayezo yaKhe ivela khona, igumbi lokulawula.

72 Yena Angasebenza kanjani nawe uma imvelo yomoya kadeveli iphakathi lapho na? "Futhi wonke umuntu ozelwe emhlabeni uzalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, weza ezweni ekhuluma amanga." Kunjalo. Ngakho-ke, kuleso esenyama, imvelo ka-Adamu, umuntu angazuza kanjani noma yini, ngokusebenzisa ubuhlakani bakhe kuphela na?

73 Kodwa uma eseba yisidalwa esisha, nomuntu omdala usedlulile, noMuntu omusha, uKristu, uthatha isihlalo saKhe sobukhosi enhliziyweni yomuntu, khona-ke ukuphila kubukeka kwehlukile, khona-ke uqala indlela entsha. Kusukela ezinhlosweni zakhe zobugovu, kuze kube, imibono emikhulu ukuze azenze into ethize enkulu, uqala aqonde ngqo ngaseKalvari, ukuvuma uNkulunkulu. Khona-ke konke okwakhe, inhloso yakhe, innjongo yakhe, ukuzuza kwakhe, nakho konke ayikho, kulele enkazimulweni yesiphambano, lapho uKristu akhokha khona inani lokuphila komuntu. UKristu ungukuPhila kwethu.

74 Yingakho uJesu athi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewuqonde ngisho uMbuso kaNkulunkulu." Ngeke ukwenze. Akukho kuwena ukukwenza.

75 Pho kungani uNkulunkulu wenza leyondawo encane na? Weyenza ukuze ugcwaliswe lapho. Ufanele ugcwaliswe ngokuthile. Ngeke ube yisidalwa esingumuntu, ngaphandle kokugcwaliswa. Isikhathi sesifikile lapho uphoqeleka ukuthi wenze isinqumo, futhi lokho yimanje, ngoba kuphoqelekile emhlabeni wonke.

76 Ngiye ngezwa abefundisi besukuma bephethe amashadi futhi bazame ukuchaza ukuthi lwaluyini uphawu lwesilo. Kodwa, uhlobo oluthile lweshadi, akuthathi ishadi. UmBhalo uthi, "Bonke abangazange balemukele uPhawu lukaNkulunkulu

babenophawu lwesilo." Zimbili kuphela izigaba emhlabeni. Omunye unoPhawu lukaNkulunkulu, omunye unophawu lukadeveli. Futhi bonke abangazange balemukele uPhawu lukaNkulunkulu babenophawu lukadeveli. Yilokho okwashiwo umBhalo.

77 Ngakho-ke, uyaphoqeleka ukuthi wenze isinqumo. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanye—Umhl.] Futhi ake ngikugaye kini, kungabi ukuba ubuhlaza noma—noma ukudelela, kodwa ukunitshela iQiniso futhi nginixwayise. Umuntu kufanele enze okuthize ngakho. Okwakho... Kuyaphoqelelwa kuwe. Ufanele wenze isinqumo.

78 Manje-ke uma ngingakukhombisa, ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi luyini uPhawu lukaNkulunkulu ophilayo, khona-ke uyokwazi. IBhayibheli lathi, kwabase-Efesu 4:30, kanye, izindawo eziningi kuwo wonke umBhalo, ukuthi uMoya oNgcwele uwuPhawu lukaNkulunkulu. Khona-ke, ngaphandle kukaMoya oNgcwele, uphawulwe ngakolunye uhlangothi; akunandaba ukuthi uhlakaniphe kangakanani, ukuthi mangaki amahlelo amakhulu ongowawo, ukuthi uqotho futhi ukholwa kangakanani.

79 USathane wayeyinto efanayo. USathane akasona isilokazane esikhulu esinomsila oyimfologo nezinselo eziyimfologo. Ungumoya. NeBhayibheli lathi, "Enobuqili kakhulu kangangokuthi uyodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Uyakholwa.

80 UKayini wayengakholwa njengoba no-Abela wayenjalo na? UKayini akazange yini anikele umnikelo ngokufanayo njengoba no-Abela enza na? Akazange yini uKayini akhele iNkosi ibandla, ngokufanayo njengoba kwenza u-Abela na? Akazange yini uKayini ehle futhi akhonze ngendlela efanayo njengoba kwenza u-Abela na? UKayini akazange yini enze umhlatshelo ngokufanayo njengoba kwenza no-Abela na? Kodwa omunye weza ngomqondo wobuhlakani, waletha izimbali nezithelo zensimu, futhi wenza i-altare lakhe laba lihle, ubuhlakani.

81 Kodwa u-Abela, ngokukholwa, wakhetha iwundlu, ngokuba kwakuyigazi nokuphila okwalithatha, futhi walihudulela edwaleni futhi wagqonqa umphimbo walo omncane laze lophela ukufa. UNkulunkulu wathi, "Lowo ngu-Abela olungile." Kunjalo. Kweza kanjani kuye na? Ngesambulo, hhayi ngobuhlakani. Ngenhliziyo yakhe wayekwazi.

82 UJesu wathi, "Phezu kwaleli dwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo awayikulahlula." Isambulo sokomoya, umcabango wokomoya! "Umuntu ubheka ngaphandle," kusho umBhalo, "uNkulunkulu ubheka inhliziyo."

83 Ugcwaliswe ngokuthize. Ungahle ugcwaliswe ukungabaza. Izinhliziyo zenu ezimpofu kungenzeka zinyathelwe ngokungabaza. Ngethemba ukuthi ngeke. Izinhliziyo zenu

zingahle zigcwale ukubibitheka nokukhathazeka. Futhi kungenzeka ukuthi izinhliziyo zenu zigcwele inkathazo.

84 Futhi kungahle kube ukuthi ugcwele inkolo, ubuhlakani, isayense yezenkolo eqholwe ngamakha, usonta emabandleni amakhulu asebe khona iminyaka, uhlezi emuva ngokuzethemba ngakho konke. Mfowethu ake ngithi kuwe ungahle ulethe amalunga kulelobandla uze uguge futhi ufe, futhi awusoze wenza lutho ngaphandle kokwakha omunye umbhoshongo eBabele. Impela!

85 Ungagcwala ubuwula, ungagcwala umbhedo, ungagcwala noma yini, kodwa awukwazi ukuhlala ungenalutho! IBhayibheli lithi awukwazi.

86 IBhayibheli lathi, "Nxa umoya ongcolileyo ephumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomile, efuna ukuphumula. Bese ubuya namanye amademoni ayisikhombisa amabi kakhulu kunalokho ayeyikho, futhi isimo sokugcina salowo muntu sibi ngokuphindwe kasishiyagalombili kunasekuqaleni."

87 Yilokho okwenzekayo kulemihlangano, lapho abantu bephuma ezivuselelweni futhi amadoda aholwa nje emcabangweni wobuhlakani. Uyahamba futhi ajoyine ibandla elithile, futhi ukuyeka kuqhubeke lapho, enelisekile. "Lokho kulungile. Akukho lutho kuwo wonke lo omunye umbhedo. Asifanele sibe naWo." Umelusi uthi, "O, yilokho kuphela. Lokho kwakusemuva le komunye unyaka." Futhi into yokuqala niyazi, lowo develi ubuya nabanye odeveli abayisikhombisa, futhi uba ngudeveli okholwayo. Khona-ke ugcwaliswe ngempela. Khona unokuziqhenya nomona. Futhi—futhi u—u—uthukuthelele ngisho naye impela uNkulunkulu owabhala iBhayibheli, ubheka phansi lapho, futhi athi, "'Lezi zinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza.' Lokho kwakungokomfundi."

88 "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli," kwasho uJesu, umyalo waKhe wokugcina ebandleni. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kude kangakanani na? "Ezweni lonke." Kubani na? "Zonke izidalwa." Lezi zibonakaliso ziyakulandela *abanye* babo na? UmBhalo uthi, "Yakubalandela," bonke, "abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Yilokho uJesu akusho.

89 "Lezizibonakaliso ziyakuwalandela amakholwa," hhayi abacabanga okubi, hhayi amalungu ebandla anobuhlakani; kodwa amakholwa azelwe ngokusha avele ebuhlakanini, kuya enhliziyweni, lapho uNkulunkulu ethatha isihlalo sobukhosi egumbini laKhe lokulawula, ukulawula imizwa yakho, ukulawula ukukholwa kwakho, ukulawula isimilo sakho.

90 UNkulunkulu ufuna ukukugcwalisa. Kungani efuna ukukugcwalisa na? Ufuna ukukugcwalisa ngani na? Ufuna ukukugcwalisa ngaYe uqobo, uMoya oNgcwele, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele!

91 UJesu wathi, kuLuka 24:49, ukuthi, "Niyakwamukeliswa amandla, emva kwalokho uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu. Khona-ke niyoba ofakazi baMi eJerusalema, eJudiya, naseSamariya, kuze kube semikhawulweni yomhlaba." Nini? Lapho usumukele iziqu zakho zobudokotela na? Uma usubonile ukuthi usumukele iZiqu zobuCiko na? Qhabo. "Kodwa uma senemukele uMoya oNgcwele, khona-ke niyoba ofakazi baMi kulesi sizukulwane, izizukulwane ezizayo, kuze kube semikhawulweni yomhlaba."

92 Futhi ngoSuku lwePhentekoste, lapho uMoya oNgcwele ufika uvela eZulwini njengomoya onamandla ovunguzayo, futhi wagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo, kwenziwa izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwabo.

93 Futhi abanobuhlakani bathi, "Madoda bazalwane, singenzani ukuze sisindiswe na?"

94 UPetru wathi, "Phendukani, yilowo nalowo kini, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona-ke niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo bonke okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

95 Nakho lokho uNkulunkulu afuna ugcwaliswe ngakho. Ufuna nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi emva kwalokho niyobe senihlangene. Kwini, ebandleni na? Qhabo, mnumzane. Nizohlanganiswa. Kwini, isivumokholo na? Qhabo, mnumzane. Nizoba ngabahlangene kuNkulunkulu. Futhi wena naYe nizoba munye, njengoba Yena noBaba munye. Futhi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu uzophila kuwe. Futhi imisebenzi efanayo leyo uMoya oNgcwele ayenza ngenkathi Wayelapha kuKristu Jesu, iyakwenziwa kuwe, ngokuba Wathi Uyokwenza. Khona-ke simunye.

96 UJesu wakukhulekela lokho, emkhulekweni kulobubusuku, iNkosi yethu yaseZulwini yakhuleka kuBaba, ukuthi sibe "munye" njengoba Yena noNkulunkulu bemunye. Futhi Babesondele kangakanani na? UNkulunkulu wayengukuPhila noMoya kuYe! Futhi uma simunye naYe, siyoba, ukuPhila noMoya waKhe kuyoba kithi. Bese-ke, okwasemhlabeni, ukucabanga kwabanobuhlakani benyama, nezivumokholo nezimfundiso-ze, kuyofiphala; futhi okusha, okwenziwe kabusha, okuzelwe ngokusha, isehlakalo sentombi sombhaphathizo kaMoya oNgcwele sizokwenzeka enhliziyweni yomuntu. Khona-ke uzoba munye, khona-ke umfowethu uzoba umfowethu ngempela, udade uyoba udade. Izinjongo zakho

nezinhloso zakho, nakho konke oyikho, nakho konke oke ufune ukuba yikho, noma ozama ukuba yikho, kuyoba okoMbuso kaNkulunkulu; akunandaba ukuthi umele liphi ibandla, lapho uya khona, noma lokho okwenzayo.

97 Baningi kakhulu abantu namhlanje abasho, ukuthi, "UMoya oNgcwele awusiwo owangempela namuhla."

98 Ngenkathi amashumi ezinkulungwane zabo, nezigidi, bethi Akunjalo, kukhona lowo abaningi abathokozela izibusiso zaKho. Ikakhulu abantu abampofu, abantu abadangalisiwe nabalahlwe yizwe, abantu abakhishelwe ngaphandle emasontweni ngoba bekholwa ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu, kodwa bagcwaliswe ngoMoya waKhe. Bamunye enhlosweni. Bamunye enhliziyweni. Bangobani labo bantu na? IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, uFakazi kaJehova, I-Orthodox, iJuda, bonke kanye kanye, baba munye. Hhayi *oyedwa*, esivumwenikholo; hhayi *oyedwa*, ehlelweni; lokho ngukusebenza kukadeveli, ngemiqondo yobuhlakani.

99 Kodwa, ukusebenza kukaMoya oNgcwele, uMbuso kaNkulunkulu kini! UNkulunkulu uhlezi esihlalweni sobukhosi senhliziyo yakho, egumbini laKhe lokulawula, elawula imizwa yakho, futhi elawula amandla akho, elawula imibono yakho, futhi akwenze ube munye naYe, enhlanganyelweni nasothandweni. Futhi uNkulunkulu ukugcwalise ngothando. Ukugcwalisa ngamandla. Ukugcwalisa ngoMoya. Ukugcwalisa ngemvelo yaKhe uQobo yobuNkulunkulu, futhi Uguqula imvelo yakho yenyama ibe yimvelo yaKhe. Khona-ke, kulokhu, uba isidalwa esisha kuKristu.

100 Khona-ke, uthando! Uyaphuma, kubonakala sengathi izinyoni zicula ngendlela ehlukile. O, kuhluke kanjani lapho uKristu efika! Ungabheka kanjani emuva bese ucabanga, "Ngake ngaqhela kanjani kuKho na? Ngake ngaKwenqaba kanjani na?" Konke kuhlukile. Awunazo izitha; bonke babukeka bemnandi. Ungathethelela konke okwake kwenziwa. Isitha esibaba kakhulu, ubungasikhulekela emgwaqeni, usigaxe ngengalo futhi usiphakamise; akunandaba ukuthi yisiphi isivumokholo, ukuthi yiliphi ihlelo asonta kulo, uyisidalwa uKristu asifela. Yilokho uNkulunkulu afuna ugcwaliswe ngakho. Yilokho ukugcwaliswa. Yilowo uMbuso. Yilokho esimunye kukho.

101 Simunye, manje-ke, hhayi uku—hhayi ukuqhubekisela phambili ihlelo, hhayi ukuqhubekisela phambili inkolo noma—noma isivumokholo esithize. Simunye, ukuqhubekisela phambili uMbuso kaNkulunkulu. Bese-ke sithatha iPulani yaKhe, futhi, ngaso sonke isikhathi lapho iBhayibheli elibusisiwe lisho noma yini, uMoya oNgcwele phakathi kwakho uyamemeza, "Kunjalo! LiyiZwi laMi!"

102 Akasho ukuthi, "Ngabe uDokotela Jones washo na? Kuthiwani nga*lokhu* na? Noma, ingabe uDokotela *S'bani-bani*?" Akwenzi mehluko ukuthi udokotela utheni.

103 UJesu wathi LiyiQiniso. "Futhi amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laMi alisoze ledlula." Kulapho siba munye khona.

104 Nonke nina, Methodisti, Baptisti, Presbyterian, nonke eni. . . Noma ngabe ungubani, simunye. Ungavumeli udeveli asebenzise iso lakho. Vumela uNkulunkulu asebenzise inhliziyo yakho. Uma ubheka futhi uzama ukuqonda ukuthi Liyini, yini eLenzayo, "Lifika kanjani ngaleyondlela na?" Awukungabazi Lokho uma wemukela uMoya oNgcwele. Uma usangabaza iZwi likaNkulunkulu, kukhombisa ukuthi uNkulunkulu akekho enhliziyweni yakho. UMoya oNgcwele awungabazi nento eyodwa uNkulunkulu ayishoyo. Lithi, "Amen futhi amen! Kunjalo, ngoba uNkulunkulu washo njalo!" [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

105 U-Abrahama wabiza lezozinto ezazingekho, njengokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. UNkulunkulu wamtshela, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara enamashumi ayisithupha-nanhlanu, babezoba nengane. Ngani, kwakuyinhlekisa, ukucabanga kanjalo. Kodwa, uNkulunkulu washo njalo, futhi u-Abrahama wayeyindodana kaNkulunkulu. Wahamba iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ebiza yonke into . . .

Nsuku zonke, "Sara," wayethi, "unjani, sithandwa?"

106 "Angizwa mehluko kunalokhu engake ngakuzwa." Wayeneminyaka engamashumi amane esedlule ekunqamukeni kokuya esikhathini. Akazange abe nabantwana, lapho wayehlala naye, lapho eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala. Kodwa wamkholwa uNkulunkulu, futhi wabiza yonke into ephambene nakho njengokungathi yayingekho, futhi wabiza iZwi likaNkulunkulu ngokuthi iQiniso.

Inyanga yokuqala yedlula. "Uzizwa unjani, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

"Awu," uthi, "akabongwe uNkulunkulu, sizoba nengane noma kanjani!"

Kwadlula unyaka. "Uzizwa unjani na?"

"Akukho kwehluka."

"Kodwa sizoba nayo, noma kanjani!"

107 Futhi iBhayibheli lathi, "Esikhundleni sokuba buthakathaka, waba namandla ngaso sonke isikhathi." Kungaba isimangaliso kakhulu. UNkulunkulu washo njalo, kufanele kwenzeke.

108 Iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi manje useneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, futhi yena owesilisa unekhulu. Ngelinye ilanga iNgelosi yehla, yayifulathele itende, yase Ithi, "Abrahama, Ngizokuvakashela," futhi Yatshela u-Abrahama okwakuzokwenzeka.

109 No-Isaka omncane wazalwa. Kungani na? "Ngokuba u-Abrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu." Kungani na? Kwakungekho engqondweni yakhe; kwakusenhliziyweni yakhe.

110 Isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu sisenhliziyweni yomuntu. Lapho siba munye, munye enhlosweni, munye ekuzuzeni ngempumelelo. Uma umfowethu oyiMethodisti ezuza imiphefumulo eyikhulu kuNkulunkulu, "Amen futhi amen!" Uma iPresbyterian, noma ngabe angahle abe yini, ezuza umphefumulo kuKristu, "Amen futhi amen!" Uma u-Tommy Osborn ezuza imiphefumulo eyisigidi kulonyaka, no-Oral Roberts imiphefumulo eyisigidi, noBilly Graham imiphefumulo eyisigidi, nawo wonke amanye amahlelo imiphefumulo eyisigidi, ngingama futhi ngidumise uNkulunkulu ophilayo. Ngoba, yilokho esikuzuzayo, uMbuso kaNkulunkulu, yilokho injongo yethu okumele ikwenze, ukuthumela imiphefumulo kuYe. BangamaKristu azelwe ngokusha. Kulapho siba munye khona. Sihlangene ndawonye. Singabazalwane.

111 Futhi akubanga isikhathi eside, uthi, "Awu, abasiyo iMethodisti. Abawona amaBaptisti. Abakhona *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Khona-ke yonke inhloso yakho—yakho ayilungile, nenjongo yakho, nakho konke okuzuzayo akulungile; lapho uzama ukwenza into ethize ngaphakathi kuwena, ukuyenza ibukeke inkulu, lapho wena umncane. Khumbula.

112 Nike naqaphela ukolweni ukhula na? Uma ubona ukolweni usukuma futhi uzinikina ka*njalo* nje, khumbula, akukho-khanda kuwo. Awunalutho. Ikhanda eligcwele lihlala likhothama. Futhi umuntu ogcwele, futhi ogcwaliswe ubuhle bukaNkulunkulu nomusa waKhe, ukhothamisa ikhanda lakhe ngokuzithoba. "Ozithobayo, uNkulunkulu uzomphakamisa. Lowo oziphakamisayo, uyakuthotshiswa."

113 Bangane, sekuyisikhathi sokuthi abesilisa nabesifazane bavukele eqinisweni, ukuthi sifuna ukuba munye. UJesu wakhulekela ukuba sibe munye, njengoba nje uNkulunkulu naYe babemunye. Futhi uNkulunkulu wayekuYe. Futhi simunye noKristu uma sivumela uKristu angene. Kodwa kungukuphela kwendlela esingenza ngayo, kungukuMvumela ukuthi athathe igumbi lokulawula enhliziyweni yethu, khona-ke siba munye.

114 Sibhekene noKhisimusi. Sibhekene nesikhathi. Sibhekene nezinto ezihlasimulisa umzimba. Konke lokhu esibhekene nakho, kwenza mehluko muni, ukuthi yini ezayo noma

ehambayo, inqobo nje uma uKristu esegumbini lokulawula, esilawula, esilawula futhi esinika ukholo lokukholelwa ezintweni esingenakuzibona na? UNkulunkulu wathi thina . . .

115 "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo." Uyakukholwa, ngokuba uNkulunkulu usenhliziyweni yakho, futhi ekutshela ukuthi iZwi laKhe liqinisile. Futhi akukho Moya ozo, kaNkulunkulu, oyoke uphike noma yini yeZwi likaNkulunkulu. UMoya kaNkulunkulu uyobaqonda abaKhe uQobo. O, ngijabule kanjani, ukwazi ukuthi kukhona uNkulunkulu, ukuthi Ungowangempela.

116 Esikhathini esithile esedlule kwakukhona i . . . phezulu lapha e-Indiana, kwakukhona abafana ababili ababekhuliswe epulazini. Futhi babempofu kakhulu ngakho konke, abafana abangabalimi. Futhi bakhula ndawonye. Futhi, ngolunye usuku, omunye wabo washada. Ezinsukwini ezimbalwa kamuva, omunye washada.

117 Futhi omunye wabo waya edolobheni, ukuyohlala. Futhi wayeseqalile ukudlala izimakethe zamasheya, wabalekela ukuFundisa kwakhe kwasebuntwaneni, wangena entweni engalungile. Futhi wawadlala, futhi waceba kakhulu nakakhulu, waze wagcina esengusozigidi. Futhi wenyukela eChicago, wayesengena komunye wemigwaqo emikhulu futhi wazakhela isigodlo. Yena nomkakhe bagijimela kumanayithi klabhu, futhi baphuza iziphuzo ezixutshiwe, futhi balala, ubusuku bonke. Babenabaphathizitsha nakho konke, ukubanika noma yini ababeyifuna. Futhi babecabanga ukuthi babephila ngempela.

118 Kodwa indoda ephila kanjalo ayinakho ukuthula. Akukho ukuthula enhliziyweni ekhathazekile. Enhliziyweni enesono, ngeke kwabakhona ukuthula. Uma umuntu elangazelela ukuphuza, futhi ubiza lokho ngo "kuphila," ucabanga ukuthi unesikhathi esimnandi, kubonisa ukungabi nalutho kwakhe. Thatha umuntu, wenza isigidi samadola, ufuna ezimbili. Thatha indoda eya emcimbini futhi iphuze isiphuzo esisodwa, kulobubusuku, ifuna esinye. Thatha indoda, ihlala ngokungethembeki kumkayo, kanye, izokuphila futhi; ngapha nangapha. Niyabo, kungokuthile, futhi akakaze waneliswa. Kungenzeka abe nesigidi samadola esandleni sakhe, noma izigidi eziyishumi esandleni sakhe; iyalala phansi ebusuku, kanye nesitshulu sokudakwa phezu kwayo; iyavuka, ngakusasa ekuseni, yahlushwa, iphupho elibi, ingqondo ekhathazekile. Ubiza lokho ngokuthula na? Lokho akusikho ukuthula.

119 Kodwa indoda ingahle ingabi nawo ngisho umcamelo wokucindezela ikhanda layo kuwo, ingahle ingabi nalo ngisho ipheya lezicathulo ezihloniphekile, noma ikwazi ukuba nokudla okuhloniphekile endlini yayo; kodwa uma uNkulunkulu

ebusa enhliziyweni yayo, ulala ejabule futhi avuke ijabule. Kungukuthula okungapheliyo. Kuyinto uNkulunkulu ayenzayo.

120 Lomfo wayesekhohliwe leyo Mfundiso. Waya ekugembuleni. Sekufika isikhathi sikaKhisimusi. Wacabanga ngomngane wakhe, ngakho-ke wambhalela incwadi. Igama lomunye wabo kwakunguJim, isicebi, noJohn wayengompofu. Futhi wambhalela incwadi, wayesethi, "John, ngifisa sengathi ungeza uzongibona, ngamaholide. Ngingathanda ukuhlangana nawe, ngixoxe nawe futhi. Sekuyiminyaka emininingi ngingakuboni."

121 Wambhalela wamphendula, wathi, "Ngingathanda ukuza, Jim, kodwa angeke ngikwazi ukuza. Anginayo imali, yokuza."

122 Isheke lafika ngeposi, ezinsukwini ezimbalwa, lathi, "Woza! Ngifuna uze, noma kanjani." Ngakho-ke uJohn wazilungiselela, umfana wasemaphandleni, wagqoka ipheya lama-ovaloli ahlanzekile, nesigqoko sakhe sotshani ikady, ne—nebhantshi elincane elinombala ehlukahlukene, wayesegibela isitimela.

123 Futhi lapho esefika lapho, kwakukhona umshayeli ehlezi lapho, ukuba amhlangabeze, nelimozini enkulu. Wayengazi ukuthi enze njani. Wangena kulelimozini, ephethe isigqoko sakhe ngesandla, eqalaza. Washayela wenyukela esigodlweni esikhulu, eChicago.

124 Waphuma wase ekhuphukela emnyango, futhi washaya insimbi. Futhi kwaphuma umphathizitsha, wathi, "Ikhadi lakho, ngiyacela, mnumzane." Wayengazi ukuthi wayekhuluma nobani. Wamnika isigqoko sakhe. Waye . . . Wayengazi lutho ngokungabi nakhadi lokwamukela izivakashi. Wayengenakho okuningi okwalezi zimpandla zezwe. Wathi, "Ngifuna ikhadi lakho."

125 Wathi, "Angazi ukuthi ukhuluma ngani, mnumzane." Wathi, "UJim ungithumele ukuba ngize. Yilokho kuphela engikwaziyo."

126 Ngakho-ke wabuyela emuva wase etshela umlingani wakhe, owayengakavuki embhedeni ngalesosikhathi. Wathi, "Kunendoda ebukeka ihlekisa emi emnyango." Wathi, "Igqokile . . . Angikaze ngiyibone indoda egqoke njengayo. Futhi ithe uJim uyithumile."

Wathi, "Itshele, 'Ngena.'"

127 Wathi shelele engutsheni yakhe yokugeza, wehla ngehholo futhi wahlangana nalo mngane wakhe omdala wasemaphandleni, wayesemxhawula. Wathi, "John, awazi ukuthi ngijabula kanjani ukukubona!"

128 Futhi umfo omdala wasemaphandleni emile, eqalaza egunjini, wathi, "Jim, impela unokuningi kakhulu."

129 Wathi, "Ngifuna ukukukhombisa nxazonke." Wamyisa esitezi esiphezulu, waphumela phandle kuvulandi welanga, wavula ifasitela.

Wathi, "Uphi uMarta na?"

"O," wathi, "akakangeni. Wayephumile, izolo ebusuku."

Wathi, "Hhe, niqhuba kanjani nonke na?"

130 Wathi, "O, akukuningi. John, niqhuba kanjani wena noKatie na?"

Wathi, "Kahle nje."

Wathi, "O, ngabe usekhaya na?"

131 Wathi, "Yebo, sinabantwana abayisikhombisa." Wathi, "Nina nonke ninabo abantwana na?"

132 Wathi, "Qhabo, uMarta ubengeke abe nayo." Wathi, "Wacabanga ukuthi kungcono singabi nabantwana; uphazamisa impilo yokuhlalisana. Uyazi," ephakamisa amakhethini, wathi, "buka lapha." Wathi, "Uyalibona lelobhange ngaleya na?"

Wathi, "Yebo."

133 Wathi, "Ngingumongameli kulelobhange." Wathi, "Uyayibona leyonkampani kaloliwe na?"

"Yebo."

Wathi, "Nginamasheya abiza isigidi samadola kuleyo."

134 Futhi wabuka ezansi lapho, futhi wabona izingadi ezinkulu, nakho konke, ukuthi kwakubukeka kukuhle kanjani. NoJohn omdala wama lapho ephethe ikepisi lakhe lotshani esandleni sakhe, eqalaza. Wathi, "Kuhle lokho, Jim. Ngibonga kakhulu ngokuthi unakho." Wathi, "Mina no-Katie asinakho okuningi." Wathi, "Sisahlala kuleyondlu encane endala ehlukene kabili ezansi lapho." Futhi wathi, "Asinakho okuningi kakhulu, kodwa sijabule kabi kabi."

135 Ngaleso sikhathi isigejane sabaculi bengoma, amazwi abo aqala ukungena.

> Ubusuku obuthule, ubusuku obungcwele,
> Konke kupholile, futhi konke kuyakhanya
> Ngakumama osemusha oyintombi noMntwana,
> USana Olungcwele luthambe kakhulu futhi lumnene.

136 UJim waphenduka wabheka uJohn; UJohn waphakamisa amehlo kuJim. Wathi, "John, ngifuna ukukubuza okuthize." Wathi, "Uyakhumbula ngenkathi sisengabafana na? Futhi sasivame ukuya kulelo elincane, ibandla elidala elibomvu ezansi lapho eceleni komgwaqo, futhi sasizwa lawomakhwaya amadala asemaphandleni ecula lawomaculo na?"

Wathi, "Yebo."

Wathi, "Usehlela lapho na?"

137 Wathi, "Yebo, ngisengowalapho." Wathi, "Ngiyidikoni ezansi lapho manje." Wathi, "Uthini ngawe, Jim na?" Wathi,

"Ubukhuluma ngokuthi unezinto ezingezakho ezingakanani ezansi lapha." Wathi, "Unezinto ezingezakho ezingakanani nga*Le*ndlela na?"

138 "John, ngiyaxolisa," wathi, "anginalutho phezulu ngaLeyondlela." Wathi, "Uyakhumbula, ngaphambi nje kukaKhisimusi ngomunye unyaka, sasingenazo izicathulo?" Futhi wathi, "Sasikuthalele kakhulu ukuthola iziqhumane zikaKhisimuzi." Futhi wathi, "Saphuma futhi sabeka izicupho zamabhokisi, ukubamba onogwaja, ukuze sithole iziqhumane zikaKhisimusi." Wathi, "Uyakhumbula ngalokho kusa lowo nogwaja omkhulu wokhuni oludala wawukulesosicupho sebhokisi lakho na?"

UJohn wathi, "Yebo, ngiyakhumbula."

139 "Uyothola iziqhumane. Futhi wahamba futhi wathola ezinye, wahlukaniselane nami."

Wathi, "Yebo."

140 Wathi, "John, ngizohlukanisa noma yini enginayo, nawe. Kodwa into eyodwa engifisa ukuthi ungahlukanisela yona nami." Wathi, "Benginganikela ngakho konke okungokwami, ukuba bengingahamba kulowomgwaqo omncane omdala owubhuqu, ngingafake zicathulo, ngikhuphuke ngiye kulelobandla elincane elidala futhi, futhi ngizwe lobo Bukhona bukaNkulunkulu ophilayo, ngenkathi leyokwaya yayicula, umshumayeli wasemaphandleni oyimfashini endala wayeshumayela." Wathi, "Benginganikela nganoma yini. Benginganikela ngakho konke okungokwami, lonke isheya elikuloliwe, nazo zonke izingxenye zebhange, naleli khaya, nakho konke, ukuba bengingabuyela emuva futhi bese ngiba nalokho kuthula okubusisekile enganginakho ngenkathi ngenyuka umgwaqo omdala."

141 UJohn omdala wathatha, wamgona. Wathi, "Kwakukhona izazi ezintathu, izicebi ezafika futhi zakubeka konke ezinyaweni zikaJesu ngesinye isikhathi, eseyiNgane," futhi wathi, "zamukela ukuxolelwa kwezono zazo." Wathi, "Ngingathanda, nakuba benginga . . . Ngicabanga ukuthi uyamangalisa, Jim, kulokho obusiswe ukukwenza, zonke lezi zinto. Kodwa ngingamane ngibe nomkami nabantwana abayisikhombisa, abahlala ezansi lapho phezu kwemikhaza yotshani, ukuba ngilale kuyo, bese ngiba nokuthula okusenhliziyweni yami, kunokuba ngibe nayo yonke ingcebo yakho, Jim, ongaba nayo."

142 Futhi kunjalo, bangane. Ingcebo ayilinganiswa ngamadola. Ingcebo ayilinganiswa ngamagama amakhulu nokuthandwa ngabantu. Ingcebo yilapho uMbuso kaNkulunkulu usufikile enhliziyweni yomuntu, waguqula imizwa yakhe futhi wamenza isidalwa esisha kuKristu Jesu, futhi wamnika ukuPhila okuPhakade. Leyo yinto ecebe kakhulu emhlabeni.

Asikhuleke.

143 Futhi ngenkathi amakhanda ethu esakhotheme. Ingabe umpofu, kulobubusuku, empahleni yalomhlaba na? Awazi ngisho nokuthi uzosikhokha kanjani isikweletu samalahle noma isikweletu sikawoyela, nanoma yini enye na? Ungahle ube ngaleyondlela; Ngethemba ukuthi awunjalo. Kodwa uma kunjalo, ukuthi ungaleyo ndlela, ungashiya lesi sakhiwo, kulobubusuku, indoda empofu ejabule kunawo onke ekhona emhlabeni. Ungahlala lapha ne . . . hambe lapha, kulobubusuku, nengcebo okungekho mali engayithenga. Ungahlanganisa inhliziyo yakho noKristu Jesu, futhi Angangena emphefumulweni wakho futhi athathe indawo yokulawula. Futhi kungakhathaleki ukuthi yini ezayo noma ehambayo, uzojabula zonke izinsuku zakho. Ngabe . . .

144 Yisipho esikhulu kunazo zonke esake sanikezwa. O, kunjalo, unikeza abangani bakho izipho zikaKhisimusi. Kuhle lokho. Lolo uphawu. Kodwa, mfowethu, kukhona iSipho esikunikezile, kulobubusuku, okungekho mali engake isithenge. Kuyisipho samahhala esivela kuNkulunkulu: iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, uJesu Kristu. Ungamamukela yini njengoMholi wakho, njengoMsindisi wakho siqu, njengoNkulunkulu wakho, njengowakho—njengoMhlengi wakho, njengeNkosi yakho na? Welapha umphefumulo nomzimba. Uthatha igumbi lokulawula. Uma unokwesaba nokungabaza, kuyekele nje kuhambe manje. Makabe iNkosi. Makeze futhi engamele. Makabe yiNkosi. I*Nkosi* "inguMbusi." *Ubukhosi* ngu "kubusa."

145 Wena uthi, "O, ngi—ngiyakholwa. NgaMvulela inhliziyo yami, eminyakeni edlule."

146 Kodwa ngabe Uke waba yiNkosi yakho, elawula ngokuphelele, ukulawula imizwa yakho, ukukholwa kwakho nakho konke na? Uma ufunda iBhayibheli, wonke amaZwi aLo ayiQiniso. Lapho ukuthula . . . Lapho kufika ukuxakaniseka, uba nokuthula enhliziyweni yakho. Wazi ukuthi uma ibhomu le-athomu lingafanele liwuhlakaze lo mhlaba ube yizingcezu, kulobubusuku, beniyobuthana kuKristu Jesu, eNkazimulweni, ngaphambi kokuba umlotha uze uhlale emhlabeni. Ingabe unayo leyo nduduzo na? Uma ungenayo, futhi ungathanda ukuba nayo, ungavele nje usiphakamise ngokushesha futhi buthule isandla sakho, futhi, ngokwenza njalo, uthi, "Nkosi, yiba nomusa kimi. Manje ngifuna ukuhlanganiswa naWe, njengomunye wabantwana baKho eMbusweni kaNkulunkulu, ezinhlosweni zami, injongo yami. Wazi konke ngami. Ngithathe, Nkosi, njengoba nginjalo nje, futhi mangibe ngowaKho"? UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Futhi uNkulunkulu akubusise, nawe. Nawe, mfowethu. Wena, wena, wena lapho. Nawe, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo.

147 Ngiyalwazi uhlobo okuyimfashini endala, lwebandla leMethodisti, kanjalonjalo, lukholelwa ekuzeni e-altare,

kanjalonjalo. Lokho kulungile. Mfowethu, ungeke waphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu, ungeke ngisho wenze umnyakazo oya kuLokho, ngaphandle uma uNkulunkulu ekuthinta. UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi kuqala."

148 Ngeke wahlonipha futhi wazise lokho okukwenze uphakamise isandla sakho na? Uthi, "Yebo, Nkosi, ngisho ngisho lokho ngokusuka enhliziyweni yami. Futhi sonke isono enginaso, ngiyasibeka manje e-altare laKho. Ngiyazihlukanisela ngokwami kuWe, manje nje, Nkosi, ukuthi kusukela kuleli hora, kuqhubeke, ngizophilela Wena. Futhi yonke imikhuba yami nazonke izono zami, nakho konke, ngikushiya khona lapha, ngithulula inhliziyo yami. Yiba iNhloko yenhliziyo yami. Yiba iNkosi yenhliziyo yami. Thatha indawo yakho efanele empilweni yami, Nkosi, futhi ungilawule."

Kusho lokho manje, sisakhuleka.

149 Nkosi, ngifundile, eZwini laKho, ukuthi kulotshiwe, ukuthi, "Akakho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi, kuqala. Futhi konke lokho uBaba aNgiphe khona, kuyoza kiMi." Umuntu angaphila iminyaka eyishumi, engamashumi amabili, engamashumi amahlanu, noma iminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu, noma ngaphezulu, kodwa nokho akakaze afike. Kodwa kuyofika isikhathi lapho ukuKhanya kuyophazima endleleni yakhe yezinyawo, futhi lelo yithuba. Yeka indlela esibonga ngayo ngokuthi usekhona—usekhona uNkulunkulu Othanda abantu! Futhi kulobubusuku Ubonakalise isihe saKhe kithi, ngokuvumela izandla eziningi ziphakanyiswe, ukwamukela uJesu njengoba lokhu, iSipho sikaNkulunkulu esikhulu sikaKhisimusi, esasekuQaleni. Futhi okuwukuphela kwesangempela, seqiniso, iSipho sikaKhisimuzi sikaNkulunkulu yiNdodana yaKhe ezelwe yodwa, emhlabeni. Bamukele, Nkosi.

150 Kuyofika usuku lapho beyocindezela umcamelo ofayo; noma ukububula emgwaqeni, ngaphansi kwemoto; noma mhlawumbe ukugedla emphinjeni wabo, ngenxa yokuminza emanzini. angazi ukuthi isiphethelo sabo siyoba yini. Kodwa, Nkosi, ngiyakwazi lokhu, ukuthi uJesu washo lamaZwi, "Okholwa yiMi, noma efile, nokho uyakuphila, futhi noma ubani ophilayo akholwe yiMi akasoze afa." Ngiyakholwa ukuthi lokho kuyiZwi laKho, Nkosi. Noma ngiyaphila noma ngiyafa, KuseyiZwi laKho, ngokuba ULikhulumile. Futhi onke amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa iZwi laKho alisoze lehluleka.

151 Wena wathi, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle. Ngiyakumnika ukuPhila okuphakade, futhi ngiyakumvusa ngosuku lokugcina." Noma eminza olwandle, nakuba esha emlilweni, nakuba imilotha yakhe ipheshulwa emimoyeni yomine yomhlaba, "INkosi uNkulunkulu iyakwehla ivela

eZulwini ngeZwi leNgelosi enkulu, necilongo likaNkulunkulu, nabafele kuKristu bayakuvuka kuqala. Siyohlwithwa kanye nabo, ukuze sihlangabeze iNkosi emoyeni, futhi sibe nayo kuze kube phakade kanye naYo." Nkosi Nkulunkulu, siyakholwa ukuthi lokho kuzokwenzeka.

152 Futhi phezu kwalaba abampofu, abantu abalahliwe bomhlaba, abangena lapha kulobubusuku futhi bakhothamisa amakhanda abo othulini lapho Wasithatha khona, nalapho beyobuyela khona, uma Ulibala. Baphakamise izandla zabo, isandla sabo kuWe, futhi bathi, "Nkosi, nginephutha. Ngamukele." O, Ubunganqaba kanjani oyedwa na? Ubungeke, Ubungeke ukwenze, Nkosi. Uma bebeqonde lokho, ezinjulweni zenhliziyo yabo, Ubungeke ukwenze, futhi uhlale unguNkulunkulu, ngokuba beze ngobuqotho. Bayisipho sothando uBaba Akunika sona.

153 Manje, njengenceku yaKho, ngibayala kuWe; futhi nginikele imiphefumulo yabo, nemizimba yabo, nemimoya yabo, kuWe. Babambe ekugcinweni kwaKho okubusisiweyo, Nkosi. Khipha bonke ububi kubo. Thatha isono, thatha imikhuba. Kwangathi kungelokothe kubakhathaze, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Kwangathi bangahamba besuka lapha, abantu abakhululiwe, noNkulunkulu enhliziyweni yabo, endlini yokulawula. Futhi lapho isitha siyakubalinga, mabakhumbule ukuthi uNkulunkulu usegunjini lokulawula, futhi NguYe Osusa ikhanda labo esitheni.

154 Futhi sizomisa uMbuso waKho, Nkosi. "Futhi uMbuso waKho mawuze. Mayenziwe intando yakho emhlabeni, njengaseZulwini. Futhi ungasingenisi ekulingweni, Nkosi, kodwa usikhulule kokubi. Ngokuba uMbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade." Amen.

155 Kulotshiwe kanjalo, makwenziwe. Bonke abaphakamisa izandla zabo futhi bakholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu, uMemukela njengoMsindisi wakho, Mthatheni, asuke enhliziyweni yenu, ngokukholwa. Hhayi lokho amehlo akho akutshela khona, lokho okucatshangwa yingqondo yakho, wena, "Ngeke ngikuyeke. Angikwazi ukukwenza. Angikwazi ukuyeka ukwenza *lokhu*," ngubuhlakani lobo. Kodwa Okuthile phansi enhliziyweni yakho, kuthi, "Futhi uyimpahla yaMi." Khumbulani, lalelani ukuthi iPhimbo enhliziyweni yenu lithini, ngoba nguNkulunkulu ekhuluma nani. Zonke ezinye izinto zizoshabalala njengo—njengokungathi ubusuku buzofiphala.

156 Yikuphi okunamandla kunakho konke, ubusuku noma imini na? Ilanga maliphume, futhi ubone okwenzeka ebusuku; kuvele kushabalale futhi ngeke kusaba khona.

157 Futhi lapho—lapho uMoya kaNkulunkulu ungena enhliziyweni yomuntu, bonke ubuhlakani bakhe buvele bufiphale, nobumnyama nokungabaza kuvele kusuke kuhambe.

Futhi ngeke usakwazi ukukuthola, ngoba ayikho indawo yakho. Ukukhanya kugcwalise umphefumulo wakhe. Uhamba ekuKhanyeni. UsekuKhanyeni. Ungumntwana kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyamthanda.

Manje ngithanda ukucula ihubo, sonke, ndawonye.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

158 Bangaki ozizwa ngaleyondlela manje, phakamisa isandla sakho, "Ngingumntwana weNkosi"? Nina eniphakamise izandla zenu, esikhashaneni esedlule, ziphakamiseni. Kukholwe. Hlala nakho. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yakho.

159 Woza, melusi, asi. . . Angikwazi ukuhola amaculo, kodwa ake sicule leloculo. Uzongisiza, angithi? Nonke, kanye kanye manje, kulungile, njengoba sicula leli. Kulungile. Ngikholwa ukuthi udadewethu uyeza, ne—ne. . . ukuzosinika indlela emculweni. Ngaqalaza, angimbonanga ndawo, futhi kungalesosizathu ngishilo lokho. Bangaki owaziyo ukuthi, "UBaba ucebile ngezindlu nemihlaba, Uphethe ingcebo yezwe esandleni saKhe"? Cabanga nje ukuthi kuhle kanjani lokho. Kulungile, wonke umuntu manje, ndawonye.

Ubaba ucebile ngezindlu nomhlaba,
Uphethe ingcebo yezwe esandleni saKhe!
Amarubi namadayimane, isiliva negolide,
Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

160 Manje, ngokuthula ngempela manje.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

161 Kuyamangalisa lokho na? Uyakholwa ukuthi ungumntwana weNkosi na? Phakamisani isandla senu, nonke okholwa ukuthi ningabantwana beNkosi. Kulungile. Manje sisacula futhi lelo, ngifuna uxhawule omunye umuntu ngemuva kwakho, omunye ngaphambi kwakho, omunye okwesokudla nakwesokunxele, noma ngabe bayini, ukuthi unayiphi inkolelo, uma ungumntwana weNkosi, ngenkathi sisalicula futhi.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu Msindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

Itende noma ikotishi, kungani kufanele ngikhathalele na?
Bangakhela isigodlo Laphaya!
Samarubi namadayimane, sesiliva negolide,
Amabhokosi akhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu Msindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

Ukufana noJesu, ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Konke ohambweni lwempilo ukusuka emhlabeni kuya enkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

162 Ngabe leso yisifiso sakho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Umangalisa kakhulu! NgiMthanda ngakho konke okungaphakathi kimi. Nganikela ngakho konke enganginakho, eminyakeni engamashumi amabili nesishiyagalombili edlule, eNkosini uJesu. Kusukela ngaleso sikhathi, bengilokhu ngisenkundleni yempi, ngenza konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ukuhola abesilisa nabesifazane ukuba babheke kulowomqhele wenkazimulo.

163 Uqala ukukhuluma ngokuFika kweNkosi, abantu bathi . . . Indoda yathi kimi, esikhathini esingeside esedlule, "O, mshumayeli, ungakhulumi kanjalo."

Ngathi, "UngumKristu?"

"Yebo, kodwa, he, kusekuningi okufanele sikwenze nokho."

164 Ngathi, "Into ejabulisa kunazo zonke engingayicabanga ukuFika kweNkosi."

165 UPawulu wathi, ekupheleni komgwaqo, "Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiliqedile ibanga, ngilugcinile uKholo. Futhi kusukela manje kuqhubeke lapho ngibekelwe umqhele wokulunga; iNkosi, uMahluleli olungileyo, eyakunginika wona ngalolo suku. Hhayi mina ngedwa, kodwa bonke abathanda ukubonakala kwaKhe."

166 Yini engingahweba ngayo, yini engifike kuyo, ngokuba sengigugile na? Lo omdala, obuthakathaka, umzimba ogulayo ogcwele ukonakala, uzoguqulwa ngomzuzwana, ngokuphazima kweso. Ngizoba musha kuze kube phakade. Ngeke ngiphinde ngibe nelumbo lokugula futhi. Angisoze ngakhala unyembezi. Angisoze, angisoze ngaguga. Angisoze ngafa. Angisoze ngagula. Angisoze ngaba nobuhlungu benhliziyo noma ukukhathazeka. Kodwa, ngizoba nomzimba ofana noMzimba waKhe uQobo okhazimulayo. Uma ngi . . . Uma lokho kungeyona into

ongayiphilela! Uma lokho kungeyona into enkulu kunazo zonke engiyaziyo!

"NgiKuthola kanjani na?"

167 YiSipho samahhala. [UMfowethu Branham ungqongqotha kane epulpiti—Umhl.] UNkulunkulu uyangqongqotha, futhi ngithi, "Ya, Nkosi, Wena unguMdali wami. Ngiyakwemukela." Ungibeka uphawu phakathi, ngoMoya oNgcwele, kuYe, khona-ke angiboni lutho ngaphandle kukaJesu neGazi laKhe.

Yini engahlanza isono sami na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

O, kuyigugu ukugeleza
Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

168 Anijabule na? Angazi sivumokholo esingakwenza. Angazi mahlelo angakwenza. Angazi bandla elingakwenza. Angazi muntu ongakwenza. Angazi manzi angakwenza. Angazi sayense yezenkolo engakwenza. Lutho ngaphandle kweGazi likaJesu!

Amathemba ami awakhelwe-ndawo
KuneGazi likaJesu elinokulunga;
Lapho nxazonke umphefumulo wami uphela amandla,
Khona-ke Uyithemba lami lonke nokuhlala.

Ngabe nguwe lowo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Ngokuba kuKristu, iDwala eliqinile, simile;
Yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo,
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo.

169 UNkulunkulu anibusise manje. Ngikholwa ukuthi kukhona ukunikelwa kwengane, ngiyakholwa. [UMfowethu Neville uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngakho-ke, ngalesisikhathi, ngizodlulisela inkonzo kumelusi, ngalokhu. Woza ngaphambili, Mfowethu Neville. INkosi inibusise.

